2019 World Knowledge Olympiad

Primary schools: Gr. 6 & 7
Secondary schools: Gr. 8, 9, 10, 11, 12
Monday 13 May 2019

Thishanhloko kanye noThisha ongumxhumanisi

I World knowledge Olympiad izobe yenzeka okwama 28 kulonyaka ezikoleni zamabanga aphakeme, kanti ezikole nizamabanga aphansi kuzobe kungokwama 24 kulonyaka. Le Olympaid iqhakambisa ukuqwashisa ngezomhlaba jikelele okuyilona lwazi oluyingqikithi kuleminyaka engamakhulu angama 21, njengoba luqeqesha luphinde lunike abafundi amakhono amayelana nomnotho womhlaba wonke kanye nokunxenxa imiqondo emincane ekhaliphile efuna ukuqonda kabanzi nangomhlaba obazungezile.

Injongo ye Olympaid wukuhlola ulwazi kubafundi kusukela ebangeni lika grade 6 kuya ku 12 bese kugqugquzelwa ukusatshalaliswa kwezinkundla lapho abafundi bengathola khona ulwazi. I Olympaid ivulelekile kubona bonke abafundi bezikole zase Ningizimu Afrika ngakho ke leli ithuba lokuphonsela isikole sakho inselelo kanye nabafundi yokubahlola ulwazi abanalo uma beqhathaniswa nezwe lonke. Loluhlololwazi luvuleleke kubo bonke abafundi kongulinganayo. Abafundi baka grade 6 no 7 babhala iphepha lesikole samabanga aphansi, Abafundi baka grade 8 kuya ku 12 babhala iphepha lezikole zamabanga aphezulu. Asebeziphothulile izifundo zakamatikuletsheni abavunyelwe ukuba yingxenye yaloluhlololwazi.

1. UKUHLOLWA KOLWAZI JIKELELE LUMI KANJE

Usuku:	uMsombuluko,13 May 2019	**Isikhathi :**	14:00 to 15:15	**Usuku lokuvalwa ukubhalisela ukungenela:**	uLwesihlanu, 5 April 2019

2. UKUNGENELA

Imali ekhokhwayo u R25 umfundi ngamunye, kusuka kumfundi oyedwa kuya kubafundi abangama 49 noma kube ngu R15 umfundi ngamunye kuya kubafundi abanga 50 kuya phezulu. Imali yokungela ikhokhela amaphepha emibuzo, izingqwembe zokufunda, izitifiketi, izimvilophu, izitembu, ukubhalisa, imiphumela imiklomelo yabaphumelele ukwedlula bonke kanye ne memorandamu. Ukubhalisela ukungenela loluhlelo kuvalwa ngoLwesihlanu mhlaka 5 April 2019.

- Indlela elula nekhuthazwayo yokubhalisela ukungenela ukuya ku: www.quicket.co.za, ubheke umbhalo othi "World Knowledge Olympiad" bese ulandela imiyalelo ebhaliwe. Ungakwazi ukukhetha ukukhokha nge Credit Card, EFT or Bank Transfer. Akudingekile ukuthi ugcwalise ifomu eliseceleni lokungenela konke ukwenza kule nkundla.
- Ungakwazi futhi ukuthi ungenele ngokuthumela i-email ku: info@worldknowledgeolympiad.co.za noma ushayele ucingo kule nombolo 010 900 3030 ukubhalisela isikole sakho. Sizobe sesikuthumela inombolo ye reference yase bhange eyahlukile yesikole sakho eyisiqinisekiso sokuthi isikole sakho sesikhokhile.

3. IMIKLOMELO

Abafundi abayishumi lapha eNingizimu Afrika abazophumelela ukwedlula bonke kwi grade ngayinye, amagama abo azobhalwa akhonjiswe uwonkewonke. Izitifiketi (segolide, sesiliva nesethusi) zizotholwa abafundi abathathe ihlandla lokuqala, elesibili nelesithathu lapha eNingizimu Afrika kusuka ku grade 6 kuya ku 12.

- Grade. 8 kuya ku 12 ihlandla lokuqala R1 000, ihlandla lesibili R600, ihlandla lesithathu R400
- Grade . 6 no 7 Inhlandla lokuqala R700, ihlandla lesibili R400, ihlandla lesithathu R200

Umfundi ngamunye ongenelelile kwi World Knowledge Olympiad uzonikezwa isitifiketi sokubamba iqhaza. Izikole ezingenelile, abafundi baleso naleso sikole bazokubhalwa odongweni olubalulekile, phecelezi i "Hall of Fame". Bese isikole siphinde sinikezwe isitifiketi esiyingqayizivele sokubonga ukungenela.

4. IPHEPHA LEMIBUZO

Iphepha lemibuzo liqukethe imibuzo edinga ukuthi umfundi akhethe impendulo eyiyo. Izimpendulo zinikezwa amamaki ayiwo, awekho amaphuzu athathwayo uma umfundi ephendule ngempendulo okungesiyo. Njengokuba igama lisho ukuthi Olympaid okusho ukuthi kudingeka ulwazi olujikelele / olujwayelekile. Amaphepha emibuzo abhalwe ngolwimi lwe Singisi, isikole nesikole siyakwazi ukukhetha ezinye izilimi I Afrikaans / isiXhosa /IsiZulu. Amaphepha emibuzo azothunyelwa ezikoleni nge posi. Eminye imininingwane egcwele izothunyelwa nge email kuthisha ongumxhumanisi. I email kuzobe kuyileyo ezobe ifakwe isikole ngesikhathi sokubhalisela ukungela.

5. UKULUNGISELELA

Imibuzo ebuzwa abafundi ithathwa ezinkundleni eziningi okubalwa kuzo: amaphephandaba, omabonakude, imisakazo, izindaba ezitholakala kwi internet, nasezincwadini. Amaphepha aseke abhalwa ngokudlule ungawathola ku: www.worldknowledgeolympiad.co.za

6. IMIPHUMELA

Imiphumela ephelele yabafundi kanye ne memorandam yephepha lemibuzo izothunyelwa esikoleni nge email ngokuqala kwe term yesithathu.

7. ABAXHASI

I Jakes Gerwel Fellowship ingumxhasi omkhulu we World Knowledge Olympiad. UTakealot, okuyisitolo esihamba phambili ekudayiseni impahla yaso kwi internet, unikela ngoxhaso oluzinhlobonhlobo. Ungahle uzitholele eyakho nawe ivawusha ukuze uyisebenzisele isikole sakho

takealot.com
shop anything you can imagine

English on reverse side